



UMpungushe Okhaliphile uyabaphica

Le ncwadi ngeka









Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.

UMpungushe Okhaliphile uyabaphica

(Foxy Joxy Plays A Trick)

Illustrated by Mdu Ntuli

Written by Nahida Esmail

Designed by Samantha Rice

Edited by Margot Bertelsmann

Translated by Nal'ibali

with the help of the Book Dash participants in Johannesburg on 25 February 2017.

ISBN: 978-1-928442-26-4

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (<http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/>). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.

No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.


Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.

No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.






UMpungushe Okhaliphile uyabaphica



Mdu Ntuli
Nahida Esmail
Samantha Rice






UMpungushe Okhaliphile
wayeyimpungushe eyiqili.

Wayethengisa amakhabe
amakhulu, amasha.





**Amakhabe
athengisayo lapha!**





“Imali oyibizayo
iningi kakhulu,”
kwasho uGwajo
Nogwaja.



“Ufuna imali eningi
kakhulu,” kusho uMadlula
Ndlulamithi.







UMpungushe Okhaliphile
wayenesu elihlakaniphile.







Wahlephula ikhabe elikhulu, wakhipha
ubuthumbu, wabumimilita.










Emva kwalokho wayeseligcwalisa ngamanzi!

Wayesethatha inalithi nokotini wayesethunga
ehlanganisa ikhabe futhi.









Wathengisa amakhabe
akhe ngenani eliphansi.

Izilwane eziningi
zazithenga kuMpungushe
Okhaliphile.






“Leli khabe linamanzi
kuphela ngaphakathi,”
kukhononda
uSinkawunkawu Nkawu.





“Kuhle phela,
uthole lokhu
okukhokheleyo,”
kusho
uMpungushe
Okhaliphile.






“Kufanele uMpungushe Okhaliphile
simfundise isifundo,” kusho uSidlova Ndlovu.





Izilwane zahlangana
ndawonye zaqhamuka
nesu elithile.

“Nginesu mina,” kusho
uKhovula Sikhova.












Zathatha ikhabe elingenalutho,
zafaka uMpungushe Okhaliphile
phakathi, zase zidlala umdlalo
webhola likanobhutshuzwayo
ngalo.







UMpungushe Okhaliphile
wayesehla selwa yisiyezi!

Wasifunda isifundo sakhe,
akaphindanga waganga
ngabanye futhi.

